

SA EXAM PAPERS This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS
SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal



You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



**SA EXAM
PAPERS**

SA EXAM PAPERS

Proudly South African



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

LWEZI 2025

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-10.



QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhriki uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–40 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqokethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.

IRUBHRIKHI YOKUHLOLA IESEYI ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-40]

Okungabonwa ngakho OKUQUKETHWE NOKUHLELA (Izimpendulo nemibono) Ukuhlela imibono Uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo	Okungavamile 22–24	Okunekhono 18	Okusendimeni 12–16	Okuqalisayo 7–11	Okungenelisi 0–6
Ingxnye engenhla	-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono eshaya emhlo lweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlo lweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlelela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali, kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlelela kanye nokulandelana
	Ingxnye engezansi	19–21 -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlelela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	17 -Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho		

IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-40] (kuyaqhubeka)

Okungabonwa ngakho	Okungavamile 10-12	Okunekhono 8-9	Okusendimeni 6-7	Okuqalisayo 4-5	Okungenelisi 0-3
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenholoso/umthelela nesimo -Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, ihlelo, isipelingi	-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbaliwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	-Ulimi aluqondakali -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
AMAMAKI AYI-12	4	3	2	1	0
ISAKHIWO Zimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwe-misho	-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho nezigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho nezigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okulindlelekile -Imisho nezigaba kwakheke kahle	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
AMAMAKI AMA-4 UKWABIWA KWAMAMAKI	33-40	28-30	20-25	12-17	0-9

- 1.1-1.5 Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo.
Okungenani mazibe mbili kuphela izigaba ezethula ngomqondo owodwa zingadluli kulokho.
Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

1.1 Ngajabula kakhulu.

ELANDISAYO

- Kungasetshenziswa inkathi edlule./Bhala ngenkathi edlule.
- Yini eyakujabulisa?
- Ngabe leyo nto yayishintsha yini impilo yakho?
- Chaza kafushane ngokwenzeka nabantu ababebambe iqhaza kulokhu okwenzeka ngalolo suku.
- Yini owayizuza kulokhu okwakujabulisa?
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]

1.2 Umnotho waseNingizimu-Afrika.

ECHAZAYO

- Bhala ngenkathi exubile.
- Chaza ngezinto ezehlisa izinga lomnotho ezweni.
- Bhala kabanzi ngobunzima obubhekene nabantu emazingeni aphansi ngenxa yokwehla kwamandla omnotho ezweni.
- Yiziphi izixazululo zale nkinga yokwehla kwamandla omnotho?
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]

1.3 Wangifundisa uthisha wami.

ELANDISAYO

- Bhala ngenkathi exubile.
- Ungubani lo thisha wakho?
- Bhala izinto ezimenza ahlukile kwabanye othisha.
- Bhala izinto ezinhle akufundisa zona uthisha wakho.
- Chaza ukuthi zikusiza kanjani lezi zinto njengomfundi noma njengesakhamuzi saseNingizimu-Afrika.
- Bhala ukuthi yini oyenzayo ukuze uhambe ezinyathelweni zalo thisha.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]

1.4 Indawo engifisa ukuyivakashela.

ELANDISAYO

- Bhala ngenkathi ezayo.
- Bhala igama lendawo ofisa ukuyivakashela.
- Chaza ukuthi itholakala kuphi.
- Veza ukuthi yini oyithandayo ngaleyo ndawo.
- Bhala ukuthi waluthola kanjani ulwazi olusabalele ngale ndawo ofisa ukuyivakashela.
- Bhala izinto ofisa ukuzenza uma usufikile kuleyo ndawo.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]



1.5 Ukulalela abantu abadala.**ECHAZAYO**

- Bhala ngenkathi yamanje.
- Ukubaluleka kwenhlonipho nosikompilo.
- Ulwazi esiluthola kubantu abadala mayelana nempilo.
- Bhala ukuthi yiziphi izinto ozifunda kubantu abadala mihla namalanga.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]**1.6 Isithombe**

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]**1.7 Isithombe**

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]**1.8 Isithombe**

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe.
(Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.)

[40]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

Q no H : 24

LSP : 12

SK : 4

Amakhodi asetshenziswa uma kumakwa:

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'S-I – i-apostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukuhlukanisa amagama

() – ukuhlanganisa amagama

pp – ukuphindaphinda amagama

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 (ii) Zihleleke kahle/umusho owesekelayo.
 (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.
 (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa njalonzalo.



**IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE NOMFISHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA
[AMAMAKI ANGAMA-20]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile 10–12	Okunekhono 8–9	Okusendimeni 6–7	Okugalisayo 4–5	Okunganelisi 0–3
OKUQUKETHWE; UKUHLELA KANYE NEFOMATHI Impendulo nemibono Ukuhlela imibono Izimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-12	-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindlekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandlana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathelele esihlokweni. -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni - Inamaphutha ambalwa -Ukulandlana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathele kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kugabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE UNOKULUNGISA KUNAMAPHUTHA -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama -Ukuchazwa kwemibono, izithameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama lizimpawu zokuloba kanye nesipilingi	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izithameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izithameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha nhlobo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izithameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izithameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele	-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akhambisani nenhloso, izithameli kanye nesimo -Kugowele amaphutha futhi kuyadida ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
AMAMAKI AYI-8 UKWABIWA KWAMAMAKI	17–20	13–15	10–11	7–8	0–5

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi



ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBZO 2

OKULINDELEKILE

2.1 INCWADI YOBUNGANI

- Kumele iveze ikheli lobhalile nosuku.
- Isibingelelo siveze ukwazana, isib. Mzala noma umbize ngegama.
- Isingeniso masiveze ukuthi iyini inhloso yokubhala incwadi.
- Umzimba wencwadi ube nezigaba ezinokuxhumana.
- Namathela emyalelweni (Ukumbongela ngokuthola kwakhe umfundaze.)
- Isivaleliso masikhombise ubuhlobo/ukwazana:
Yimina umzala wakho
uLindelwa
- Amagama awabe inani elifanele. [20]

2.2 INCWADI YOKUKHONONDA

- Amakheli amabili – ikheli lobhalayo nelobhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isibonelo: 30 Novemba 2023.
- Ikheli lesibili lethula/liho isikhundla sobhalelwayo. Isibonelo: Mphathisiteshi Samaphoyisa. Khumbula linikeziwe emyalelweni.
- Obhalelwayo uyabingelelwa- Mnumzane/Nkosikazi.
- Bhala isihloko bese uyasidwebela noma usebenzise amagama amakhulu.
- Ngena/hlala endabeni esingenisweni.
- Umzimba wencwadi mawube nezigaba ezinokuxhumana.
- Namathela esihlokweni sencwadi (ukukhononda ngokwanda kobugebengu endaweni.)
- Valelisa ngokuzithoba bese ubhala igama nesibongo nethayithili. Isibonelo:
Yimina ozithobayo
uDumisani Ngubo (Mnu.)
- Amagama awabe inani elifanele. [20]

2.3 INKULUMO ELUNGISELELWE

- Bhala isihloko senkulumo elungiselelwe.
- Veza ukuthi uke wafunda kulesi sikole.
- Veza amagama anembayo okugqugquzela abafundi ngezemidlalo.
- Umzimba mawuveze ingqikithi yenkulumo.
- Veza izeluleko ezimayelana nokubaluleka kokuzibandakanya nezemidlalo.
- Phetha ngeseluleko namagama azobashiya benesifiso sokudlala imidlalo nabo.
- Amagama awabe inani elifanele. [20]



2.4 ISIBUYEKEZO

- Bhala ngenkathi exubile.
 - Bhala isihloko sefilimu obuyibuka kanye nabadlali abaphambili njalonjalo.
 - Bhala abakhiqizi befilimu.
 - Bhala unyaka eyaphuma ngawo.
 - Chaza ifilimu ngamafuphi.
 - Bhala okuthandile nalokho ongakuthandanga ngale filimu.
 - Veza imibono yakho mayelana nale filimu.
- Amagama awabe inani elifanele.

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**Q no S : 12****LSP : 8****[20]****AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBULO 3

OKULINDELEKILE

3.1 IPHOSTA

- Uhlobo lwephosta.
- Iminingwane emayelana nendawo, usuku nesikhathi.
- Igama lomuntu ongathintwa.
- Izinombolo zocingo/ikheli le-imeyili nezinye izindlela zokuxhumana.
- Iminingwane ayihambisane nenhloso yephosta.
- Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.2 UMYALEZO OMFISHANE (*WhatsApp*)

- Bhala usuku, isikhathi kanye nelanga.
- Akuvele igama lomuntu obhalayo.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokuqala.
- Bhala ngemisho ephelele.
- Sebenzisa ulimi olukhululekile olusetshenziswa ku-*WhatsApp*.
- Okuqokethwe makunamathele emyalelweni. (Uphendula umyalezo ka-Amanda.)
- Bhala inombolo noma igama lothumele umyalezo.
- Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.3 IMIYALELO

- Isihloko: Masigqamise ukuthi imiyalelo yokupheka isitshulu senyama yenkomo.
- Akuvele izinto ozozidinga/ozopheka ngazo kanye nezilinganiso.
- Akuvele indlela yokwenza.
- Akuvele ukuthi lesi sitshulu singadliwa abantu abangaki.
- Akuvele ukuthi singadliwa nani.
- Amagama awabe inani elifanele.

[20]

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

Q no S : 12

LSP : 8

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 80

